**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ T.W. MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO NEBHULOHO E-LOSKOP NGOLWESINE MHLAKA 28 APRIL 2011**

Mphathi wohlelo;
Inkosi yaKwaMazibuko;
Amakhosi aseNdlunkulu akhona;
Amalungu esiShayamthetho;
IMeya yoMkhandlu waseMbabazane;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zoMnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi nanamhlanje sesiphinde sathola ithuba lokuhlangana nomphakathi walapha e-Loskop ngaphansi kukaMasipala waseMbabazane sizokuthi halala ngentuthuko abantu balapha abangasayizwa ngendaba kodwa asebeyibona ngamehlo.

Ngithi sibonga ukuthi sesiphinde sathola ithuba nje, yingoba phela ngo-August 20 wonyaka odlule besikhona lapha eMbabazane sihambisana noNdunankulu uKhabazela sizokwethula ngokusemthethweni izinhlelo zemigwaqo eSobabili, eZwelisha, eMqedandaba nase-Draycott.

Ngiyajabula-ke mina ukuthi nalapha namhlanje kufakazeleka engihlale ngikusho nakwezinye izindawo esizihambelayo ukuthi uma sivula umgwaqo sisuke singachazi ukuthi sesiyahamba kodwa sisuke senza uphawu lokuthi kukhona okunye osekumele sikulethele umphakathi walapho.

Nakwezinye izingxenye zesifundazwe silokhu siqhubeke njalo nezinhlelo zokuya emiphakathini esaziqala ngonyaka odlule lapho, njengosiko lwethu kuHulumeni, sinikezela ngokusemthethweni wonke ama-project esesiwaqedile, siphinde sizibophezele ngalawo esizowaletha emphakathini. Akukho ukuthi loku kwenzeka mhlambe ngoba kuza ukhetho.

Lolu hlelo lokuya emiphakathini luyasilekelela nasekutheni sikwazi ukuchazela abantu bakithi ukuthi phela ngenkathi singena kulo Hulumeni ngo-2009, sike sabambezeleka ngenxa yenzikamnotho ebihlasele umhlaba wonke, kanti nesikhathi esiningi sithathwe ngamalungiselelo eNdebe yoMhlaba.

Esiyaye sikuthande futhi sikubonge kakhulu njengoHulumeni emiphakathini yakithi yindlela enisibekezelela ngayo. Siyazi phela ukuthi ngenxa yobukhulu besifundazwe nezindawo eziningi

zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda yomgwaqo, kuyenzeka eminye imisebenzi ithathe isikhathi eside ukuba siyiqale emiphakathini yethu.

Kodwa okunye futhi okumele sikugcizelele yilokhu kokubambisana koHulumeni basekhaya nowesifundazwe. Sesiyazi ukuthi kwezinye izindawo intuthuko ibanjezelwa ngukuthi amakhansela nabasebenzi boMasipala abathile abafuni ukubambisana nemiNyango kaHulumeni wesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Namhlanje-ke singuMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natali sizozibophezela phambi kwenu emini bebade ukuthi umphakathi walapha eMandabeni, KwaVala, Emalandeni, KwaSilimangamehlo usuzokwazi ukuxhumana kalula nomphakathi waseMoyeni nezindawo zokungcebeleka e-Central Berg, futhi usuzothola kalula usizo oluphuthumayo njengamaphoyisa nama-ambulensi.

Sizibophezela ngokwakha umgwaqo uMsahweni Road ozokuba ngu-10 km ohambisana nebhriji. Kukhona nelinye futhi ibhriji esizolakha ku-D214. La ma-project azosiza ngokuba kufinyeleleke kalula eBonokuhle High School naseMjwayeli Primary, kanye nasemtholampilo eNjisuthi osetshenziswa ngabantu ababalelwa ku-10 000. Lezi zakhiwo yizona ezisetshenziswa njengeziteshi zokuvota uma kunokhetho.

Le misebenzi kulindeleke ukuba idle imali ebalelwa ku-R21 million, bese kudaleka namathuba emisebenzi angu-80 kubantu bendawo.

Sihlale sinxusa njalo-ke uma silethe le misebenzi ukuthi abaphethe uhlelo lokuqasha abantu bangalinge bafake indaba yobuqembu bepolitiki lapha. Uma uHulumeni eletha amathuba usuke ewalethela abantu bendawo abawadingayo, hhayi amalungu eqembu elithile.

Isikhathi sobandlululo sadlula kudala ngakho-ke akekho umuntu okumele acindezele omunye ngoba engakholelwa kulokho omunye akholelwa kukona. Esikufunayo ngukubona izindawo zasemakhaya zithuthuka ngesivinini manje.

Ngifisa ukusho futhi ukuthi ngaphandle kwalezi zigidi zamarandi ezizofakwa kulo msebenzi esiwethula namhlanje, kuvele sekunemali ebalelwa ku-R164 million esiyifake ezinhlelweni zokuletha ingqalasizinda kulendawo ngaphansi kuka -Operation Kushunquthuli ngonyaka wezimali u-2011/12.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, mangithathe leli thuba ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni loHulumeni baseKhaya, kumele nazi ukuthi phela kunezinselelo esibhekana nazo ezweni lethu njengoba kunamaqembu aphikisanayo kwezepolitiki.

Sinxusa yonke imiphakathi ukuba ihloniphe umthetho ngesikhathi sokhetho. Ukuzibophezela emgomweni wokuziphatha okwenziwa ngamaqembu ethu epolitiki ngesikhathi sokhetho, kumele sikubone kuthela izithelo emazingeni aphansi.

Akekho umuntu okumele aphoqe noma asabise omunye ukuqoka noma ukungaqoki iqembu elithile ngenkani ngalesi khathi sokhetho. Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo noma odala ukuba nilwe, anokwazi ukuthi lowo muntu yisigilamkhuba okumele nisibike kwabomthetho. Umuntu owenza loko kusho ukuthi akayifuni inqubekela phambili, futhi ulwisana nentando yeningi, ngakho kumele abhekane nabomthetho.

Okokugcina siyabonga ukuthi sesidlulile esikhathini sePhasika saphepha sonke njengoba silapha namhlanje. Esikucelayo manje ngukuthi sibambisane sonke ekutheni zehle kakhulu kunakuqala izingozi zomgwaqo. Njengoba sisaqhubeka nempelasonto ende futhi sisazoqhubeka nemikhankaso yethu yokuqinisa ezokuphepha emgwaqeni.

Inkululeko esiyigubha ngale nyanga kumele ibonakale nangokuthi abasebenzisi bomgwaqo bacabangelane bazise ilungelo lomunye nomunye.
Sithi kulabo abazoba nohambo kumele baqinisekise ukuthi abashayeli ngabantu abakufanele ukuphatha izimpilo zabantu emgwaqeni, abanamalayisense futhi abayaziyo into abayenzayo.

Nalabo abazobe benza imicimbi yenjabulo njengemishado nemibondo nokunye okuhambisana nalokho, kumele baqaphele ukuthi abavumeli abashayeli bankintshe utshwala bebe besazohambisa abantu emakhaya.

Ngalawo mazwi ngithi masiqhubeke sikhuthaze ukuhlonipha izimpilo zabantu, singayithathi kancane indaba yezingozi zomgwaqo, aze adlule amaholide silokhu siphephile.

**Ngiyabonga**